

**Iyini I-caudal block?**

**Ulwazi oluqondiswe  
kubazali**



**PACSA**  
PAEDIATRIC ANAESTHESIA COMMUNITY OF SOUTH AFRICA

## **Iyini I caudal block?**

Lona umvojo wumjovo wokufaka umuti oqeda izinhlungu ekugcineni kwamathamboo omgogodla, eqolo, owenziwa ngalesikhathi ingane yakho isilaliselwe uqhaqho. Lomuthi ufakwa ngomjovo udonya imizwa ehambisana nezinhlungu zomzimba zalapho kwenziwa khona uqhaqho. Lokhu kudambisa izinhlungu zakho kuko konke ukuhlinzwa okwenziwa ngaphansi kwenkaba, okungaba uqhaqho lokulungisa amanyonga (Inguinal hernia) ukulingiswa kom... wokuchama kumbhambili womfana, ukusokwa, noqhaqho olwenziwa emilenzeni.

Lomjovo ngokujwayelekile uqeda izinhlungu isikhathi esingmahora ayisithupha ukuya kwayisi shiyagalombili (6-8) kodwa lokhu kuyahlukahlukana.

## **Yhini okuwusizo olwenziwa yilomjovo?**

Izinhlungu eziphatha ingane yakho emva koqhaqho ziyancipha noma ziphele nya. Lokhu kunciphisa nesidingo sokinika ingane eminye imithi enamandla yezinhlungu engahle iyiphathe kabi ingane ngokubanga isicanucanu sokuphalaza, noma iphalaze, ilunyelwe yisikhumba, noma yozele kakhulu.

## **Bukhona yini ubungozi kumntwana wami uma enikwa lomjovo?**

Lomjovo Lomjovo usuphindaphindwe izidlule kumakhulu ayizinkulungwane eminyakeni eminingi eyedlule, lokhu kukhombisa njalo izinga eliphakeme lokuphepha.

### **Imiphumela engemihle engahle yenzeke:**

- Ukukhathala noma ukusinda kwemilenze –lokhu kujwayelekile kanti futhi kuyancipha ngokuphela komuthi oqeda izinhlungu emzimbeni ngokujwayelekile (3 – 12) amahora amathathu ukuya kwayishumi nambili. Ngalesikhathi umntwana kumele abhekwe ua ezihambela noma ecathula. Qaphela kakhulu ngamanzi okugeza ashisayo ngoba ingane ingeke yakwazi ukuzwa izinga lokushisa kwalamanzi njengesimo esijwayelekile.
- Izinhlungu ezingapheli – kwezinye izingane lomjovo ungahle ungasebenzi. Uma lokhu kwenzekile ingane iyanikwa eminye imithi ezomsiza anethezeke.
- Ubunzima bokudlulisa umchamo – Ezinye izingane zizwa kubanzima ukuchama eahoreni ambalwa emva kokuba zijovile uze uphele umjovo emzimbeni. Lokhu kungadinga ukuthi umntwana afakwe ithumbu lomchamo ukumsiza achame.
- Imiphumela eyingozi efana nokulimala kwemithambo yemizwa, ukubhidla kwalapho ibijove khona ingane, noma ukopha kakhulu konke lokhu akujwayelekile kanti futhi kuyaqashwa kugadwe, (kwenzeka koyedwa kwabayizinkulungwane eziyishumi).

Uma useneminye imibuzo mayelana nalomjovo we- caudal block, sicela ukhululeke uyibuze kudokotela ongumlalisi wengane yakho, uzokuthokozela ukukhuluma nawe ngokukhathazeka ongahle ube nakho.

*November 18*